



liwela umfula ugswela  
**Isolezwe**

# TERTIARY $\Psi$ $\pi$ TIMES

## UDkt Evans uzifela ngokufundisa nocwano

UDkt Neil Evans, oyinHloko yomNyango weziFundo zoLwazi e-University of Zululand (e-UNIZULU), uyazifela ngemfundo nocwano.

U-Postgraduate Diploma in Higher Education yase-University of KwaZulu-Natal ayithola ngo-2018, iziQu zobuDokotela kwi-Library and Information Science ne-Master of Arts in Communication Science, azithola e-UNIZULU ngo-2013 nango-2006, ne-Bachelor of Science degree (lapho ayegxile khona kwi-Biochemistry ne-Chemistry) zase-University of Port Elizabeth ayithola ngo-1994.

UDkt Evans, oneminyaka ewu-47, uneminyaka engaphezu kweyishumi efundisa endimeni yezemfundo ephakeme emikhakheni yezamakhemikhali, ezesayensi yezokuxhumana – lapho egxile khona ezifundweni zobuchwepheshe bezolwazi nemithombo yazo nobokuxhumana kubafundi abenza iziqu zokuqala nezinkulu.

Ezintweni acwaninga ngazo kubalwa ukufundisa ngobuchwepheshe, ukuhlola ukwemukeleka kobuchwepheshe obusha, okuthinta ubuchwepheshe be-Cloud, i-clinical informatics nemitapo



UDkt Neil Evans, inHloko yomNyango weziFundo zoLwazi e-UNIZULU.

yolwazi yezikole.

Eminyakeni eyisishiyagalolunye uphose esivivaneni ekubhalweni kwemibhalo yocwano eyishumi yomNyango wezemFundo ePhakeme nokuQeqeshwa. Amaphepha akhe ocwano amathathu ayengocwano kwi-clinical informatics nomfundi wakhe wokuqala owayenza iziqu zobudokotela kule ndima. Amaphepha amabili ayethinta imikhakha yokufunda ngobuchwepheshe nokwemukeleka kwabo emfundweni ephakeme, kanti amabili agqugquzela

ukusebenzisa i-Cloud yamakhompyutha ezikoleni ukuvala igebe kwezobuchwepheshe bese kuthi amabili agxile ekugququzeleni ukukwazi ukufunda nokusetshenziswa kwemitapo yolwazi ezikoleni zamabanga aphansi. Iphepha lokugcina laligxile ekukwazini ukusebenza kobuchwepheshe bemithombo yolwazi be-HTML5.

UDkt Evans uthi: “Ngikholwa wukuthi ubudlelwano phakathi kocwano lwami nokufundisa kwami kumqoka ngoba kuyaxhumana futhi kuyaphakelana. Yingakho ucwano lwami luvame ukugxila ezihlokwini ezithinta ubuchwepheshe engingabusebenzisa uma ngifundisa.”

Ziningi izinhlelo zokusiza umphakathi aziqalile okubalwa kuzo ukusungula umtapo wolwazi esikoleni saseMandeni, ukusungula umfelandawonye oqoqa izibi ukuze ziphinde zisebenziseke nesikhungo esithenga udoti eMthunzini nokuhlela izifundo zokongiwa kwemvelo Obanjeni.

Ngamagalelo akhe ekufundiseni nasekufundeni kanye nasekucwaningeni

useke kwaklonyeliswa kuleli naphesheya kwezilwandle. Ngo-2017, wathola indondo iVice-Chancellor's Excellence in Teaching ngokuba yisifundiswa esisafufusa.

Waklonyeliswa ngephepha locwano i-Best Curriculum and Academic Leadership le-International Higher Education Curriculum Design and Academic Leadership Symposia Programme eNew Zealand ngawo lowo nyaka. Ngo-2018, emcimbeni wemiklomelo yakwa-Faculty of Arts, uDkt Evans waklonyeliswa ngezitifiki ngegalelo lakhe kwa-Faculty of Arts nase-UNIZULU.

“Uma usendimeni yezemfundo ukwazi ukuzikhethela izinto ocwano ngazo ongaqhamuka nezisombululo kuzo, okuyinto engavamile ukwenzeka uma usebenza ezinkampanini,” kusho lesi sifundiswa.

Incwadi yakhe yokuqala, osihloko sayo sithi Connecting Higher Education Learning Spaces in a Blended Zululand Teaching and Learning Ecology. Handbook of Research on Blended Learning Pedagogies and Professional Development in Higher Education, ishicilelwe

ngo-2019. Ngayo ubonga umufi uSolwazi Gregory Kamwendo, owayeyi-dean kwa-Faculty of Arts e-UNIZULU ngokumkhuthaza nokumgququzela.

Ngale kokufundisa nokufunda nomsebenzi wokucwano awenzayo, uDkt Evans weluleka abafundi bezifundo zobudokotela emikhakheni yabo abane nabayisishiyagalombili abenza iziqu ze-Master's, aphinde abe nenkampani i-Satcom Networks, okuyinkampani ye-internet, nama-server e-email namagama ama-websites. Uzophothula ukuba yilungu le-Teaching Advancement at Universities kulo nyaka.

Ngaphezu kwalokho, uwumhleli wengqungquthela yaminyaka yonke i-Information Studies Conference, yomNyango weziFundo zoLwazi e-UNIZULU.

UDkt Evans udabuka eBhayi, eMpumalanga Kapa, lapho unina nomfowabo nomndeni wakhe basahlala khona. Uhlala eMthunzini nomuntu wakhe. Ukuchitha isizungu uthanda ukuvakashela amazwe ase-Afrika nakwamanye amazwe, ukuntweza emanzini, ukuqwalama adawala, ukudoba, nokuqwalazintaba.

## Kukhalwe ngokusala kwabesifazane basemakhaya ebuchwephesheni besimanje

NGENYANGA eledlule i-University of Zululand (i-UNIZULU) yethule isifundo esisha sesithupha obekungesikaSolwazi Velile Jiyane, ofundisa emNyangweni weziFundo zoLwazi, okhale kakhulu ngesimo saseNingizimu Afrika uma kukhulunywa ngobuchwepheshe besimanjemanje, obuyindabizekwayo.

Ubuchwepheshe besimanjemanje, okubalwa kubo i-internet namarobhothi enzisa okwabantu yisimo lapho ubuchwepheshe bushintsha khona indlela okwenziwa ngayo izinto ukuphucula indlela abantu abasebenza nabaphila ngayo. Inhloso yabo wukudala ikusasa elifaka uwonkewonke.

Ngenkathi ekhuluma e-Council Chambers oPhikweni laKwaDlangezwa, uSolwazi Jiyane uthinte isimo sokungacijwa kwabantu besifazane basemakhaya uma kuphathwa indaba yokuthola ulwazi oludingekayo ngenxa yezizathu



USolwazi Velile Jiyane.

ezithize.

Phakathi kwalezo zizathu ubale ukwehluleka ukuletha izinto zokusebenza zesimanjemanje, ubuchwepheshe obehlukene nokukwazi

ukusabalalisa ulwazi. Lo solwazi uthi umphumela walokhu uthuntubeza intuthuko yasezindaweni ezisemakhaya.

“Ocwano ngweni lwami bengifisa ukubheka

intuthuko yabantu besifazane basemakhaya ebuchwephesheni besimanjemanje mayelana nokuhlonyiswa kwabo nalokho abakuhlomulayo. Ngenxa yokuthi abantu besifazane basemakhaya basabilele emuva ekuhlomuleni ebuchwephesheni besimanje, nabo bayadinga futhi kubafanele ukuhlonyiswa ngalobu buchwepheshe besimanjemanje obuyindabizekwayo,” kusho yena.

USolwazi Jiyane wenze isibonelo sezinto zobuchwepheshe eziphathekayo, wathi nakuba bengaphezu kukahhafa wabo bonke abantu basemakhaya abantu besifazane abanomakhalekhukhwini besimanje abakwaziyo ukuveza imithombo yokucwaninga enjengo-Google, abakwazi ukubasebenzisa laba omakhalekhukhwini.

Uthe abantu basemaphandleni abaqeqeshwa ukuthi balufune kanjani ulwazi olungabasiza mihla yonke noma

emabhezisizini abo amancane.

Ukulungisa lesi simo, uSolwazi Jiyane unxuse zonke izinhlangano nabalingani abathintekayo ukuthi bangenelele ngoba ukholwa wukuthi lokhu kunomthelela ongemuhle emnothweni.

USolwazi Jiyane ubonge wanconcoza kwinyuvesi ngethuba lokuthi abe ngomunye wosolwazi abahlonishwe ngesifundo sabo e-UNIZULU.

Ugcine ngokubonga umndeni wakhe, abamelulakayo uma enza ucwano nabo bonke abantu baseNyuvesi ngokumeseke.

USolwazi Dennis Ngong Ocholla, iPhini le-Dean: Research and Internationalisation in the Faculty of Arts, uthi: “Egameni labalingani nabafundi, ngifisa ukuhlahalalisa uSolwazi Jiyane ngesifundo sakhe sokuqala ebesihlelwe, sethulwa ngobunono, siphinde simfisele nomndeni wakhe okuhle kodwa ngalo mgubho omkhulu kangaka eNyuvesi nasezifundisweni zonke.”

UKUGQUQUZELEKA KABUSA

UKUHLUMELA KABUSA


UKUVUSELELEKA KABUSA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

[www.unizulu.ac.za](http://www.unizulu.ac.za)



# I UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND  
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha  
ukuhambisana nesimanje



liwela umfula ugswela  
**Isolezwe**

# TERTIARY Ψ π TIMES

## Imicimbi yokwethweswa kweziqu yase-UNIZULU ikhomba impumelelo

“EMHLABENI yonke imicimbi yokwethweswa iziqu yisikhathi sokubungaza impumelelo. Yimicimbi emikhulu yenjabulo ephetha iminyaka yokuzikhandla nokusebenza kwabafundi. Lo mcimbi wokwethweswa iziqu ugswalisa impumelelo yenu ngegxathu elikhulu elibheke ekuzuzeni iziqu zenu.”

Lona wumbono kaSolwazi Xoliswa Mtose, uVice-Chancellor wase-University of Zululand (e-UNIZULU), ngamazwi abewabhekise kubafundi abebethweswa iziqu emicimbini yokuthweswa iziqu yase-UNIZULU yakulo nyaka, ebiphakathi komhla ka 13 nomhla ka-17 kuMeyi.

Kule micimbi kugqame ubuhle bemisebenzi yokufunda ngenkathi izitshudeni zithola

iziqu zamaqhuzu, ama-diploma nezitifiketi eKing Bhekuzulu Hall ophikweni lwaKwaDlangezwa.

Ngalesi sikhathi sokwethweswa iziqu, zingaphezu kuka-4 000 izitshudeni ezithole izitifiketi. Kuleso sibalo beziwu-1 400 ezakwa-Faculty of Education, ziyinkulungwane eze-Faculty of Arts neziyinkulungwane zakwa-Faculty of Commerce, Administration and Law, kuthi eziwu-700 kube ngezakwa-Faculty of Science and Agriculture.

Phakathi kwezitshudeni ezithweswe iziqu bekukhona u-Brumelda Esserina Shorarennee Zuma, indodakazi yalowo owayewumengameli waseNingizimu Afrika uMnuz Jacob Zuma, othweswe iziqu ze-Bachelor of Public

Administration, umqondisi wesifunda somNyango wezeMfundo KwaZulu-Natali uDkt Sbonakaliso Chonco, othweswe iziqu i-Doctor of Education in Educational Management nomlawuli womKhandlu wabaFundi e-UNIZULU uNks Nontobeko Zulu othweswe i-Bachelor of Laws.

Le micimbi eyishumi ibinezikhulumi ezinohlonze ezikhuthaze, zagququzela abathweswe iziqu. Phakathi kwazo bekukhona iciko nembongi uDkt Gcina Mhlophe, usomabhizinisi ovelele uSizwe Nxasana nommeli wasemajini ezinkantolo zaseNingizimu Afrika nezaseLesotho uSolwazi Bonke Dumisa.



UNks Nontobeko Zulu, umlawuli womKhandlu wabaFundi e-UNIZULU, ehalaliselwa yilowo owayewumengameli wezwe uMnuz Jacob Zuma, ngenkathi ethweswa i-Bachelor of Laws.

## Sifukamela isizwe esigxile emabhizinisini

IZINDABA zokuqala amabhizinisi nokuqamba izinto ezintsha bezisequlwini emcimbini osanda kuba khona i-Innovation Roadmap for Entrepreneurs in KwaZulu-Natal obuhlelwe yi-Faculty of Commerce, Administration and Law e-University of Zululand (e-UNIZULU) ngokubambisana ne-Moses Kotane Institute, eyisikhungo socwaningo nokusungula izinto ezintsha ngaphansi komNyango wezokuThuthukiswa komNotho, ezokuVakasha nezoKongwiwa kweMvelo.

Lo mcimbi obusoPhikweni lwaKwaDlangezwa, inhloso yawo bekuwukukhuthaza ukusimama kwesiko lwamabhizinisi enza izinto ngezindlela ezintsha. Kuwo bekukhona abamele iMoses Kotate, i-Richards Bay Minerals, i-Durban University of Technology nomNyango wezokuThuthukiswa komNotho, ezokuVakasha nezoKongwiwa kweMvelo.

Enkulumweni yakhe yokwemukela, uSolwazi Irrshad Kaseeram, iPhini le-Dean ye-Research and Internationalisation, kwa-Faculty



Abalingani engqungqutheleni i-Innovation Roadmap for Entrepreneurs in KwaZulu-Natal esanda kuhlelwa yi-Faculty of Commerce, Administration and Law e-UNIZULU ngokuhlanganyela ne-Moses Kotane Institute oPhikweni lwaKwaDlangezwa lwase-UNIZULU.

of Commerce, Administration and Law, lithe ngenxa yendlela ubuchwepheshe besimanjemanje obuzoshintsha umphakathi ngayo, imisebenzi eminingi ekhona izophela maduze.

“Kufanele senze njani siyizifundiswa, amanyuvesi nezitshudeni? Ngikholwa wukuthi indlela esingenza ngayo wukuthi sibe nomqondo webhizinisi, sibe yinyuvesi yezokufundisa ukuqala ibhizinisi. Kungani? Ngenxa

yokuthi osomabhini bahlale bebheke amathuba. Babheka izinto abantu abangazinakile bazihlanganise zibe yinto enomsebenzi,” kusho uSolwazi Kaseeram.

Wengeze ngelithi umhlaba udinga uhlobo olusha losomabhizinisi abazokwazi ukubhekana nesidingo sesikhathi samanje esidinga ubuchwepheshe ukusungula amabhizinisi, ngisho ingekho imali yokusungula ibhizinisi.

Ukucija abantu baKwaZulu-Natali, uSihlalo waseMoses Kotane Institute uDkt Sakhile Ngcobo, uthe lesi sikhungo sihlose ukuba yinqolobane esifundazweni kwezokucwaninga nokusungula izinto ezintsha. Wengeze ngelithi lesi sikhungo sesibone iminoto yasemalokishini neyasezindaweni zasemakhaya, ezolimo nezasezamanzini njengezinto okumele kugxilwe kuzo ngokocwaningo

nokusungula izinto ezintsha.

“Maningi amathuba kwezolimo kodwa silokhu sizwa kuthiwa inyama yenkukhu ithengwa phesheya. Ciske sonke lapha siyazi ukuthi izinkukhu zikhuliswa kanjani zize zidayiswe. Kufanele sizibuze ukuthi kungani siqhubeka nokuthenga inkukhu phesheya ekubeni sikwazi ukuyikhulisa. Njengabaholi bangomuso kufanele sizibuze ukuthi singawasebenzisa kanjani amathuba,” kusho uDkt Ngcobo. UDkt Simphiwe Buthelezi, inHloko yoCwaningo e-Moses Kotane Institute, ugxile ezintweni ezine zokusungula izinto ezintsha, wabalula isigaba esimqoka, esokukhula kancane, esokuphumela nokushintsha ukwenza nesezindlela zokwenza izinto.

Ubalule izinto ezimqoka ekusunguleni amabhizinisi enza izinto ngendlela entsha. Kuzo ubale ukucwaninga umkhakha owenziwa yibhizinisi, ukubheka ukuthi lelo bhizinisi lingengeza ngani emsebenzini eliyidayisayo noma entweni eliyidayisayo nokuzidayisa.

UKUGQUQUZELEKA KABUSHA

UKUHLUMELA KABUSHA


UKUVUSELELEKA KABUSHA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

[www.unizulu.ac.za](http://www.unizulu.ac.za)



# UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND  
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha  
ukuhambisana nesimanje